Publication: Isolezwe (KZN)
Date: Monday, October 22, 2018
Page: 14

# Ukuba sohlelweni lwe-EPWP akusho ukuthi usuzoqashwa



## Ngisika elijikayo

Sipho Nzuza

UMASIPALA waseThekwini mukhulu futhi uyancomeka umsebenzi osuwenzile ohlelweni lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP). Lolu wuhlelo lukahulumeni olunika amathuba omsebenzi esikhashana kulabo abaswele umsebenzi.

Alugcini nje lapho lubuye lubahlinzeke ngamakhono abangakwazi ukuziphilisa ngawo uma sesiphelile isikhathi sokusebenza ohlelweni. Nakuba impahla imba eqolo ezitolo kodwa sinesiqiniseko sokuthi miningi imindeni esikwazi ukuyisa ibhodwe eziko emva kweminyaka ikati lilele eziko.

Sihlabeka umxhwele ekutheni kuqala ngalo hulumeni wethu ukuthi usizi lwabantu abadla imbuya ngothi lubekwe eqhulwini ezinhlelweni zakhe kuwo wonke amazinga akhe.

Kulo nyaka wezimali uwodwa, balinganiselwa ku-15 000 abantu abasebenzayo ngaphansi nokungesinye sezibalo ezinkulu ezweni lonke. Phakathi kwalaba kubandakanya namakhulu abantu bakithi abaphila nokukhubazeka, abesifazane nentsha.

Imali eyabelwe lo msebenzi omkhulu kangaka nguR75 million. Ngokwenza kahle kulolu hlelo sichonywe uphaphe lwegwalagwa emcimbini wokuthweswa izindondo owaziwa ngokuthi yiKamoso Awards nyakenye.

Ukusebenza kwethu kanzima kulolu hlelo eminyangweni yonke yomasipala wethu, kwenziwa ngokushesha ngoba sikuqonda kahle kamhlophe ukuhlupheka abantu bakithi ababhekana nakho mihla namalanga.

Okubalulekile nokho, ngukuthi lolu hlelo ngeke lwaphumelela futhi kuhlomule abantu abaningi uma kungekho ukusebenzisana phakathi kwethu singumkhandlu, nalabo okumanje basebenza kulo, nokufanele ukuthi uma sebethole ithuba badedele abanye, nabo bakwazi ukuthi baxoshe ikati eziko.

Izigameko zakamuva lapho abasebenzi abasohlelweni bengenele isiteleka esingekho emthethweni zisikhathaze kakhulu. Sidangele ukubona abasebenzi bethu bevala emadepho bevimbela noma iyiphi imoto ephumayo nengenayo.

Lesi senzo sibe nomthelela omubi emiphakathini eminingi ngaphansi kweTheku okuholele ekutheni ungaqoqwa udoti ngesikhathi. Angisayikhulumi-ke eyalabo abebesivakashele kwazise phela ezokuvakasha zifaka imali eningi kumasipala wethu.

Lokhu kwakhe isithombe esibi ngedolobha lethu futhi kungahle kwenze labo abebehlele ukuvakashela eThekwini ngomuso, babe manqikanqika ngenxa yokuziphatha kwabasebenzi bethu.

Kwazi bani ayikho into engabavimba ukuthi bakhulume kabi ngomasipala wethu esikhundleni sokuthi babe ngamanxusa azokhuluma kahle ngeTheku kuheheke izivakashi ngokunjalo nabatshali zimali.

Asikubeke kucace ukuthi ukuthola ithuba lokuthi umuntu asebenze ngaphansi kwalolu hlelo akusho ukuthi uzoqashwa ngokugcwele uMasipala weTheku.

Imali yokuthi abantu baqashwe ngokugcwele ayikho futhi inqubo mgomo yalolu hlelo icace ngokusobala ukuthi liwuhlelo lwesikhashana lokuthi abantu bakithi abangasebenzi bathole ithuba lokulwa nobubha. Kubalulekile ukuthi abantu bakithi bakuqonde lokhu ngoba uma singavumela ukuthi abantu baqashwe ngenkani sobe siphula umthetho njengoba isimo somnotho singakuvumeli lokhu njengamanje.

Uma kwenzeka kuba nezikhala zomsebenzi ezivelayo kuyo yonke iminyango yethu, laba basebenzi bethu abangaphansi kwalolu hlelo banelungelo lokuthi bafake izicelo zale misebenzi. Sizama konke okusemandleni ukuthi umasipala wethu uhehe abatshali zimali kwakheke amathuba omsebenzi.

Iqiniso ukuthi ngeke kwenzeke njengoba sifisa kodwa kancane kancane uma sisebenza ngokubambisana, siwuhlonipha umsebenzi okufanele masiwenze, sogcina sifikile eKhenana. Yingakho kubalulekile ukuthi sifunde ukubambisana nokubekezelelana.

Kusemqoka futhi ukuthi sikuqonde ukuthi imibhikisho enodlame nengekho emthethweni ayisizi muntu. Kunalokho izosibangela izinkinga eziningi nezingahle ziholele ekutheni kwakona lokhu okuncane abasebenzi bethu abakutholayo kugcine kushabalele.

Iningi imali umasipala wethu ayisebenzisayo ukulungisa ingqalasizinda nempahla kamasipala ecekelwe phansi kulandela le mibhikisho enodlame nengekho emthethweni.

Le mali ngabe siyisebenzisa ukuthi sithuthuke kunokuthi kulungiswe izinto ezicekelwa phansi ngamabomu abanye bethu bethi bayazisiza kanti bazigwaza ngowabo.

Ngaso sonke isikhathi izisebenzi zethu mazikujwayele ukuthi kusetshensizwe izinhlaka ezakhiwe umasipala ukuthi kuxazululwe izinkinga ngokuthula nokuzokwakha isithombe esihle ngathi sonke siyiTheku ekugcineni kuzuze thina sonke futhi.

Sijabula kakhulu-ke nokho ukuthi emuva kwezingxoxo esibe nazo nabasebenzi bethu isimo sigcine sesibuyele kwesijwayelekile. Siyethemba futhi ukuthi sizosebenza ngokubambisana ukwenza isiqiniseko sokuthi la singaboni khona ngaso linye, sihlale phansi sixoxe siqhamuke nesixazululo. Sixolise futhi kuzo zonke izakhamuzi zethu ezithe zathikamezeka kulandela ukungaqoqwa kukadoti.

■ *UNzuza uyiMenenja kaMasipala waseThekwini.*

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.